


# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)




*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

UJane noNolwazi babegibele amabhayisikili eduze nomfula. UJane wayeshova ngokushesha ngenkathi ehlela, waqhubeka nokushova esheshisa. UNolwazi wathi, "Yehlisa ijubane, Jane! Yehlisa ijubane! Ligijima kakhulu ibhayisikili lakho!"



Khona manjalo uJane wayeseshayisa itshe. Wabheka phansi wabona ukuthi isondo lakhe alisenamoya. "Hhayi bo," kusho yena, "liphantshile isondo lami!"

"Ungakhathazeki, Jane," kuphendula uNolwazi. "Ngizokusiza sililungise."

Inkinga kwakungukuthi uNolwazi noJane babengenaso isifutho.



UNolwazi wathi, "Ngizobuyela ekhaya ngiyolanda isifutho."

UNolwazi wagibela ibhayisikili lakhe wabuyela ekhaya eshiya uJane nenja yakhe.

"Ngeke ngiphinde ngigibele ibhayisikili ngingenazo izinto zokulilungisa," kusho uJane ekhuluma yedwa.



UJane walinda, walinda, walinda. Walinda isikhathi eside, wayesezwa ukuthi ulambile, futhi womile.

"Kuzohlwa masinya," ecabanga.




Kazi uNolwazi uzobuya kungakahlwi yini?

UJane wambona uNolwazi ebuya nomfowabo uDumisani.

UJane wajabula kakhulu ukubona umngani wakhe.

"Ngiyajabula ukuthi ubuyile!" kumemeza uJane egijima eya koNolwazi noDumisani.




Ngiyabonga ukuthi ubuyile. Usiphethe isifutho nezinto zokulungisa?

UDumisani wasiza amantombazana amabili ukuba afuthe ithayi.

Wayesethi, "Masihambeni siye ekhaya kungakabi mnyama kakhulu."



Bagibela baphindela ekhaya ngonyezi.

Kwakuyindlela ende. Babelokhu bezwa amaxoxo exokozela, nesikhova sibubula. Babelokhu bezwa inyendle ihlabelela, namagundane enswininiza.



Bawela ibhuloho ngamabhayisikili.

"Ake nibheke inyanga!" kusho uNolwazi. Inyanga yayikhanyise kuthe bha emgwaqweni.

"Kumele sifike masinya ekhaya," kusho uJane. "Umama usekhathazekile ngami."

"Sekuseduze ukuthi kube yihora lesishiyagalombili," kusho uDumisani. "Kumele sifike ekhaya emizuzwini engamashumi amathathu."



"Saze safika ekhaya!" kusho uJane ewola uNolwazi. "Ngiyabonga Nolwazi," kusho uJane. "Ngiyabonga, Nolwazi, ungumngani omuhle."

"Abangani phela benza kanjalo," kusho uNolwazi.

**Abangani benza kanjalo!**



# Ukuphepha emgwaqweni

- Bheka ndawo zombili uma uwela umgwaqo.
- Wela lapho kunemigqa emhlophe nemnyama khona.
- Yima uma irobhothi libomvu.
- Hlonipha imithetho yomgwaqo.
- Njalo nje faka isigqoko (ihelmethi) uma ugibele ibhayisikili.
- Njalo nje phatha izinto zokukhanda ibhayisikili.

# Ukuphepha kwabamabhayisikili

- Faka isigqoko sokuzivikela (ihelmethi) ngaso sonke isikhathi.
- Gqoka izingubo ezinemibala ekhanyayo.
- Kugweme ukuhamba wedwa.
- Qinisekisa ukuthi amathayi afuthiwe.
- Phatha izinto zokukhanda ibhayikili nesifutho.
- Faka izibani ezingokhanyikhanyi ebhayisikilini lakho.
- Likhiyele ibhayisikili lapho ulishiya khona.



# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1 Buka izithombe ezingezansi bese usho kumngani wakho ukuthi:

- kwenzekani esithombeni ngasinye.
- yisiphi isithombe okumele sibe sekuqaleni, esesibili kanye nesesithathu.
- isihloko ngasinye siqondene nasiphi isithombe?

| | | |
|---|---|---|
| UDumisani wabasiza. | UJane wabonga uNolwazi. | UJane washayisa itshe. |



Sebenzisa izithombe ukutshela umngani wakho ukuthi kwenzekani:

- ekuqaleni kwendaba
- emzimbeni wendaba
- ekugcineni kwendaba




2 Lingisani le ndaba.



3 Fundela umngani wakho le misho elandelayo. Emva kwalokho sebenzisa imisho ukulandelanisa kahle izehlakalo ukuze ukwazi ukuphinda uyixoxe le ndaba.

a. UJane ushayise itshe kwase kuphantsha isondo.
b. UDumisani usiza amantombazana ukulungisa ithayi.
c. UJane noNolwazi bahamba ngamabhayisikili.
d. UJane ubonga uNolwazi noDumisani ngokumsiza.
e. UNolwazi wayolanda isifutho nezinto zokulungisa ibhayisikili.



4 Kopishela encwadini yokubhalela leli thebhula elingezansi.
Bhala amagama owathathe endabeni noma awakho anale misindo: **ntsh**, **th**, **nt**, **nj**.

| ntsh | th | nt | nj |
|---|---|---|---|
| ______ | ______ | ______ | ______ |
| ______ | ______ | ______ | ______ |

Khetha imisindo efanele koyinikiwe uqedele la magama.

| | | |
|---|---|---|
| _____alo | _____e | yi_____a |
| la_____a | yi_____e | i_____aba |

nj

nd



5 Bheka ekhasini le-14 bese ubhala imisindo eyenziwa yilezi zilwane.





6 Tshela umngani wakho izimpendulo zale mibuzo.

a. Sithini isihloko sale ndaba?
b. Ngobani abalingiswa abakule ndaba?
c. Kungani uNolwazi abuyela ekhaya washiya uJane yedwa?
d. Ucabanga ukuthi kwaba ubuhlakani ukuthi uJane alinde uNolwazi? Nikeza isizathu sempendulo yakho.
e. Kwakuzokwenzekani ukuba uNolwazi akabuyanga ukuzosiza uJane?



7 Yenza sengathi unguJane. Bhala ikhadi lokubonga uDumisani noNolwazi ngokukusiza kwabo.

# IBANGA LESI-2 ULIMI LWASEKHAYA

Izinga lesi-2

## Incwadi yesi-2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Benza kanjalo abangani |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | gibela, abangani, cabanga, memeza |
| Ulwazimagama: | ibhayisikili, shayisa, isifutho, khathazeka, gxuma |
| Imisindo: | ntsh, tsh, kl, mf, mb, nt, hw, nsw |

**Okuqukethwe, imiqondo namakhono:**

- Uchaza izithombe.
- Ulandelanisa izithombe.
- Uqondanisa izihlokwana nezithombe.
- Usebenzisa izithombe aphinde axoxe indaba.
- Ulingisa indaba.
- Ulandelanisa imisho ukuphinda uxoxe le ndaba.
- Uthola amagama anale misindo endabeni: mb, th, tsh, ntsh, th, nd
- Ubhala imisindo eyenziwa yizilwane zasendle.
- Ufunda bese ephendula imibuzo yokuqondisisa.
- Ubhala ikhadi lokufisela umuntu ukwelulama.

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

**Izinga loku- 1**

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

**Izinga lesi- 2**

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

**Izinga lesi- 3**

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2520-1

9 781431 525201

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2520-1

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.